

USathane, Isitha Esinqotshiwe



NgeSabatha Ntambama

Read for This Week's Study:

Sambulo 12; Gen. 3:15; Isaya 14:12-15; Dan. 7:23-25; 2 Thesa. 2:8-12, Samb. 13:13, 14; 19:20.

Indimana Yekhanda:

“Bamnqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo, futhi abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni” (Samabulo 12:11, NKJV).

ISambulo 12 yisiqalo sesigaba sesikhathi sokugcina sencwadi. Ngesikhathi isigaba sokuqala sencwadi sichaza umshikashika webandla ezweni elinenzondo kuyo yonke iminyaka yobuKrestu, isigaba sesibili sigxile phezu kwezehlakalo eziholela ekubuyeni kukaKrestu nombuso kaNkulunkulu. Inhloso yesahluko 12 ukunikeza isithombe esikhulu salokho okungemuva kwezigameko zokugcina zomlando womhlaba. Sisitshela ukuthi izigameko zesikhathi sokugcina ziyinxenye yombango oqhubekayo kuyo yonke indalo phakathi kukaKrestu noSathane.

Encwadini yeSambulo uSathane isitha esikhulu sikaNkulunkulu nabantu baKhe. Ukhona ngempela, futhi uyena obanga bonke ububi nokuhlubuka endalweni. Uyazi ukuthi ithuba lakhe lokugcina lokuphumelela phezu kukaNkulunkulu ukuthi anqobe impi yokugcina. Ngakhoke, ubhekise yonke imizamo yakhe ekulungiseleni lesi sehlakalo.

Umbono weSambulo 12 kwakuhloswe ngawo ukunika abantu bakaNkulunkulu isiqiniseko sokuthi uSathane uyisitha esesanqotshwa. Yena lowo Krestu owanqoba uSathane eselapha emhlabeni, esiphambanweni, nangemuva kokwenyuka kwaKhe, uzomnqoba futhi ngesikhathi sokugcina. Ngakhoke, okuyilona themba kuphela labantu bakaNkulunkulu abaphila ezinsukwini zokugcina litholakala kuKrestu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNhlolanja 23.*

Owesifazane noDrako

Funda iSambulo 12:1-4. UJohane waphawula embonweni izibonakaliso ezimbili eziyimfuziselo, esokuqala kwakungowesifazane okhulelwe. Ubani owesifazane, futhi zifundisani izindimana?

Owesifazane eBhayibhelini usetshenziswa njengomfuziselo wabantu bakaNkulunkulu (2 Kor. 11:2); owesifazane onesimilo esiqotho umele abakhulwayo abathembekile, kanti ongenasimilo umele abazalwane abahlubukile. Ngaphambi kwesiphambano, owesifazane okuSambulo 12 wayemele uIsrayeli waseTestamenteni eliDala, okweza ngaye uMesiya emhlabeni (Samb. 12:1-5); ezindimaneni 13-17 umele ibandla lobuKrestu. Lona wesifazane utshengiswa egqoke ilanga, emi egxilile phezu kwenyanga. Ilanga eBhayibhelini lingasho inkazimulo kaKrestu (Math. 17:2, Samb. 1:16) naleyo yabantu baKhe (Math. 14:43). Inyanga, ethatha ukukhanya kwayo elangeni, isho izithembiso zeTestamente eliDala ezazandulela ivangeli.

Isibonakaliso esilandelayo esiwumfuziselo esabonwa uJohane kwakungudrako omkhulu obomvu. Kamuva, udrako uchazwa njengoSathane, inyoka endala (Samb. 12:9). Indimana ithi umsila wakhe wadonsela emhlabeni inxenye yesithathu yezinkanyezi zezulu. Umsila umfuziselo wento esetshenziselwa ukukhohlisa (Isaya 9:14, 15; Samb. 9:10). Eswile esikhundleni sakhe esiphakeme ezulwini (Isaya 14:12-15), uSathane waphumelela ukukhohlisa isibalo esikhulu sezingelosi zezulu, ezaphenduka omoya ababi (2 Petru 2:4, Juda 6) futhi ezisebenzisana naye ukumelana nomsebenzi kaNkulunkulu kulempikiswano enkulu.

Funda iSambulo 12:1-5. Udrako uchazwa njenge “nyoka endala” (bheka iSambo. 12:9). Kunakuxhumana kuni phakathi kukaGenesisise 3:15 nombono wenyoka endala efuna ukushwabadele imbewu yowesifazane na?

Kusukela ekuqaleni, uSathane wayelindele uMesiya—umntwana owayezozalwa ukuze amshwabadele. Wonke umbono ugcina ngemifanekiso: uMesiya waze wazalwa, udrako akakwazanga ukumbhubhisa, umntwana “wahlwithelwa kuNkulunkulu esihlalweni saKhe sobukhosi” (Samb. 12:5).

Ngokusho kweSambulo 12:11, abantu bakaNkulunkulu bakwazi kanjani ukunqoba uSathane ezimpilweni zabo? Ukunqoba kukaJesu uSathane kumelwe kukunike yiphi induduzo emshikashikeni wakho wokulwa nesono na?

Ukuxoshwa Unomphelo KukaSathane Ezulwini

Funda iSambulo 12:7-9, esikhuluma ngempi eyayikhona ezulwini. Kwakuluhlobo luni lwempi leyo eyenza ukuthi uSathane axoshwe ezulwini?

USathane waxoshwa ezulwini ekuqaleni kwempikiswano enkulu lapho evukela umbuso kaNkulunkulu. Wayefuna ukuthatha ukubusa kwasezulwini abenjengo “Phezukonke” (Isaya 14:12-15). Wahlubuka ngokusobala kuNkulunkulu, kodwa wanqotshwa, waze waphonswa emhlabeni. Ngokukhohlisa abantu ababili bokuqala, waqhwa umbuso walomhlaba (Johane 12:31), wayekwazi ukuhambela isigungu sasezulwini njengenxusa lasemhlabeni (Jobe 1:6-12). Kodwa solokhu axoshwa, uSathane nezingelosi zakhe bavalelwa emhlabeni njengasejele, bayoze bathole isijeziso sabo (2 Pet. 2:4, Jude6).

Kusenjalo, ngokufa kwaKhe, uJesu wakuhlenga okwakahlekile, isimilo sikaSathane savela obala phambi kwakho konke okudaliweyo. “USathane wabona ukuthi into ayecashe ngayo isusiwe. Uhlobo lokubusa kwakhe kwadalulwa phambi kwezingelosi zezulu. Wazibonakalisa ukuthi ungumbulali. Ngokuchitha igazi leNdodana kaNkulunkulu walahlekelwa uzwelo lwezidalwa zasezulwini. Kusukela lapho, ukusebenza kwakhe kwasekunemikhawulo.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 761. Phambi kwakho konke okudaliwe, ukubusa phezu komhlaba kwabuyela kuJesu kusuka kuSathane, uJesu wamanyezelwa njengombusi womhlaba osemthethweni (Efesu 1:20-22, 1 Pet. 3:22).

Kwakuyilapho-ke uSathane nasebenza nabo bexoshwa unomphelo ezulwini. UJesu wakusho ngaphambili lokhu ethi: “Manje sekufikile ukwahlulelwa kwalelizwe; manje umbusi walelizwe uzakuxoshwa” (Johane 12:31, NASB).

Ngalokhu kwahlulelwa kukaSathane, “usindiso, namandla, nombuso kaNkulunkulu wethu, namandla kaKrestu waKhe, kufikile” (Samb. 12:10, NKJV). Kuze kube yilolo suku, usenawo amandla athile okuhlupha abantu bakaNkulunkulu emhlabeni, kodwa wazi kahle ukuthi isikhathi sakhe sifishane,” wenza konke angase akwenze ukuletha ubuhlungu, ukuhlupheka, nomonakalo emhlabeni.

ISambulo 12:11 sifundisani ngalokho okuyiyona ndlela yethu kuphela esingazivikela ngayo kuSathane na?

Impi Emhlabeni

Funda iSambulo 12:13, 14. Esevinjelwe ukungena ezulwini, uSathane waqhubeka nokuhlasela ibandla ngezinsuku ezingu 1 260 zesiprofetho. UNkulunkulu wabandakanyeka kanjani ebandleni ngaleso sikhathi?

“Ukuxoshelwa phansi kukaSathane owayengummangaleli wabazalwane ezulwini kwafezeka ngomsebenzi omkhulu kaKrestu owanikela ngokuphila kwaKhe. Yize eqhubeka nempikiswano yakhe uSathane, icebo losindiso laliqhubeka...uSathane azi ukuthi lombuso ayekade ewuqhwagile, ekugcineni uyohlwithwa kuye, wazimisela ngokwenza konke angase akwenze, ukubhubhisa izidalwa uNkulunkulu ayezidale ngomfanekiso waKhe. Wayebazonda abantu ngoba uKrestu uKrestu wayebatshengise uthando olungaka lokuthethelela nesihe, manje wayesezilungisela ukulahlekisa abantu ngayo yonke inhlobo yenkohliso angabalahlekisa ngayo; wawusukumela ngomdlandla lomsebenzi ngoba ebona isimo sakhe esingathembisi.”—Ellen G. White, *The Spirit of Prophecy*, vol. 3, pp. 194, 195. Isikhathi sezinhlupho zikaSathane sibalulwe kabili kuSambulo 12 ngokuthi yizinsuku ezingu 1 260 (Samb. 12:6) nokuthi “isikhathi, nezikhathi, nenxenye yesikhathi” (Samb. 12:14, NKJV). Zombili lezindawo zisho isikhathi sokusebenza kophondo oluncane okukhulunywe ngalo kuDaniyeli 7:23-25. EBhayibhelini, izinsuku zesiprofetho zimele iminyaka. Isikhathi sasemlandweni esingena khaxa kulesi esiprofethiwe yilesi u-A.D. 538-1798, okuyisikhathi lapho ibandla laseRoma, elalibusa kwezenkolo, lalibusa izwe laseNtshonalanga kwaze kwaba iFrench Revolution inqamula amandla eRoma engcindezelo okwesikhashana.

Ekupheleni kwesikhathi sesiprofetho sowesifazane owayesehlane, uSathane waphinda wahlasela ibandla likaNkulunkulu efuna ukulichitha. Udrako wakhafula umfula wamanzi ngomlomo wakhe ukuze abhubhise owesifazane. Umfula eBhayibhelini uvame ukuba umfuziselo wokuhlupha (Isaya 59:19). Ngalesikhathi, umhlaba onesihe wagwinya amanzi, wasindisa owesifazane, wamnika isiphephelo.

Cabanga ukuthi izinhlupho zadonsa isikhathi eside kangakanani lapha, 1 260 weminyaka. Kusitshelani lokhu ngokungakwazi kwethu ukuqonda ukuthi kungani izinto, njengokubuya kukaKrestu, zibonakala zithatha isikhathi eside kangaka ngokubuka kwethu?

Ukulwa Nensali

Funda iSambulo 12:17. Esikhathini sokugcina, uSathane ulwa nobani?

Igama elithi abaseleyo noma insali, lichaza labo abasala bethembekile kuNkulunkulu ngesikhathi iningi lihlehla (1 AmaKhosi 19:18, Samb. 2:24). Ekupheleni kwesikhathi, ngesikhathi abaningi emhlabeni bethatha uhlangothi lukaSathane kuyobakhona abantu abayohlala bethembekile kuKrestu, abayobhekana-ngqo nalo lonke ulaka lukaSathane.

Yiziphi izimpawu ezimbili zensali kuSambulo 12:17? Umuntu angaqiniseka kanjani ukuthi uyinxenye yensali kaNkulunkulu yesikhathi sokuphela?

Insali yesikhathi sokugcina igcina imiyalo kaNkulunkulu. ISambulo 13 sitshengisa ukuthi itshe lokuqala okubhalwe kulo imiyalo eyishumi liyokuba yimbangela yomdonsiswano wesikhathi sokugcina. Inxenye emqoka yemiyalo emine yokuqala, ukukhonza. Udaba oluphambili kulomdonsiswano wokugcina Umayelana nokuthi kumelwe kukhonzwe bani. Ngesikhathi abantu bomhlaba bekhetha ukukhonza umfanekiso wesilo, insali iyokhonza uNkulunkulu onguMdali (Samb. 14:7), kanti umyalo wesine ukhomba ngokuthe-ngqo, kuNkulunkulu uMdali wethu, okungesinye sezizathu sokuthi sikholwe ukuthi lomyalo uzodlala indima ebalulekile ekungquzulaneni kokugcina.

Futhi, uphawu lwesibili lwensali yesikhathi sokugcina ukuthi “banobufakazi bukaJesu” (Samb. 19:10, nkjv), obuchazwa yiyo lendimana ngokuthi “umoya wokuprofetha.” Ezinsukwini zikaJohane, amazwi athi “umoya wokuprofetha” ayesho isipho sokuprofetha. Umusho othi “ubukakazi bukaJesu” abhekise kuJesu ephethe ubufakazi baKhe ngesipho sokuprofetha, ngaleyo ndlela enza ngayo ngoJohane (Samb. 1:2). ISambulo sitshengisa ukuthi ngesikhathi sokugcina, abantu bakaNkulunkulu bayokuba nesipho sokuprofetha phakathi kwabo, sibaqondise ngalezo zikhathi ezilukhuni, lapho uSathane enza yonke imizamo yokubakhohlisa nokubabhubhisa. Thina, ma-Adventist sisiphiwe leso sipho ngomsebenzi nezincwadi zika Ellen G. White.

Yikuphi okubona njengalokho okuvula amehlo esikunikiwe ngo”moya wokuprofetha”? Lesi sipho sibeka kuphi ukuziphendulela kithina ngabanye ngabanye nanjengebandla na?

Iqhinga LikaSathane Lesikhathi Sokugcina

ISambulo 12:17 yisiqalo senguquko eqhingeni likaSathane lokuzama ukuzuza abantu basemhlabeni, nokukhohlisa abalandeli bakaKrestu abathembekile. Kuwo wonke umlando wobuKrestu uzamile ukuvimbela umsebenzi kaNkulunkulu wosindiso, kakhulukazi ngempopo nezitshushiso. Umlando utshengisa ukuthi leliqhinga aliphumelelanga ngokuphelele. Kodwa, uma elungisela ukuhlasele kwakhe kokugcina phezu kwensali, uSathane wenezela phezu kwempopo inkohliso enkulu. Lenguquko emaqhingeni kaSathane ihambisana nokushintsha kwesikhathi esuka kwesomlando esegxilsa umkhankaso wakhe esikhathini sokugcina. Kuyaphawuleka ukuthi igama elithi inkohliso aliveliki nakanye esigabeni somlando kuSambulo (Sambulo 4-11). Kodwa, lisetshenziswa ngokuphindelela esigabeni esikhuluma ngezehlakalo zesikhathi sokugcina (Sambulo 12-20) lapho lichaza ukusebenza kukaSathane kwesikhathi sokugcina elungisela impi yokugcina. Igama elithi inkohliso liqala (Samb. 12:9) bese liphothula (Samb. 20:7-10) ukuchazwa kokusebenza kukaSathane ngesikhathi sokugcina kuSambulo.

Funda ku 2 Thesalonika 2:8-12 kanye neSambulo 13:13, 14 no 19:20. Iuhlobo luni inkohliso yesikhathi sokugcina?

ISambulo 13 -20 siveza uSathane, okuthi ekuzameni kwakhe ukuzuza ukwethenjwa umhlaba, enze ukulingisa okukhulu kukaNkulunkulu weqiniso nemisebenzi yaKhe yokusindisa emhlabeni. KuSambulo 13, kwenziwa umbimbi olunxantathu phakathi kukadrako, namadlelandawonye akhe amabili: isilo esaphuma olwandle (Samb. 14:1-10) nesilo esaphuma emhlabeni (Samb. 13:11- 18). Lobuthathu bobuSathane buphikisana nobuThathu-emunye bukaNkulunkulu (Samb. 1:4-6). Kuwo wonke amakhasi encwadi asasele, amalunga alobuthathu ahlangele ekuphikiseni imisebenzi kaNkulunkulu emhlabeni nokukhohlisa abantu, ukubaheha ukuba bafulathele uNkulunkulu, bame noSathane kulomshikashika wokugcina (Samb. 16:13, 14;19:20; 20:10). ISambulo sitshengisa ukuthi inkohliso yesikhathi sokugcina iyoba nkulu kangangokuba iningi labantu liyokhohliseka.

Encwadini yeSambulo, kwenziwa ubizo izikhathi ezimbili lokuthi abantu bahlakaniphe, bakwazi ukwehlukana ukuze babone futhi bamelane nenkohliso yokusebenza kukaSathane (Samb. 13:18, 17:9). Luhlobo luni lokuhlakanipha esilubonayo lapha? NgokukaJakobe 1:5, singakuthola kanjani lokho kuhlakanipha?

Ukujula Nomcabango:

Funda ku*Great Controversy* ka Ellen G. White, isihloko “Snares of Satan,” amakhasi 518 – 53. Injongo yeSambulo 12 okokuqala, ukutshela abantu bakaNkulunkulu ukuthi izehlakalo zesikhathi sokugcina ziyinxenye yempikiswano enkulu ephakathi kukaKrestu noSathane namadimoni akhe. Incwadi iyabaxwayisa ngalokho ababhekene nakho, nabasazobhekana nakho ngendlela enamandla esikhathini esizayo—isitha esinamava nolaka. UPawulu uyasixwayisa ngokusebenza kukaSathane esikhathini sokugcina, uthi: “Lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso, nezimangaliso zamanga, nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhuhayo, ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe” (2 Thes. 2:9, 10, NKJV). ISambulo sisinxusa ukuba sizimisele ngekusasa, ukwencika kuNkulunkulu kube into ephambili kithina. Ngakolunye uhlangothi, iSambulo siyasiqinisekisa ukuthi nakuba uSathane eyisitha esinamandla namava, akanawo amandla okunqoba uKrestu (bheka iSamb. 12:8). Abantu bakaNkulunkulu bangathola ithemba kuphela kuLowo owamngoba uSathane namadimoni akhe ngaphambili. Wethembisile ukuba nabalandeli baKhe “njalo, kuze kube sekupheleni kwesikhathi” (Math. 28:20, NKJV).

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. NjengamaSeventh-day Adventist, sizibona sigcwalisa izimpawu zensali yesikhathi sokugcina. Yeka lelo lungelo! Futhi, kuhamba nokuziphendulela okukhulu. (Bheka uLuka 12:48.) Nokho-ke, kungani sidinga ukuqaphela ukuthi singacabangi ukuthi lokho kuqinisekisa ukusindiswa komuntu ngamunye?
2. “Uma sindawonye, sikhuluma kakhulu ngamandla kaSathane. Kuyiqiniso ukuthi uSathane unamandla; kodwa ngibonga uNkulunkulu ngoMsindisi onamandla, owaxosha omubi ezulwini. Sikhuluma ngesitha sethu, sithandaze ngaso, sicabange ngaso; bese sikhula kakhulu ezingqondweni zethu. Yini singakhulumi ngoJesu? Yini singacabangi ngamandla aKhe nothando lwaKhe? Uyajabula uSathane uma esizwa siphakamisa amandla akhe. Phakamisani uJesu, nizindle ngaYe, kuzothi-ke ngokubuka, niguqulwe nifane naYe.”—Ellen G. White, *Advent Review and Sabbath Herald*, March 19, 1889. Iyiphi indlela amaKrestu akhulisa ngayo amandla kaSathane? Ngakolunye uhlangothi, yiziphi izingozi ezikhona ngokuphika, hhayi kuphela ubuqiniso bamandla kaSathane, kodwa futhi neqiniso lokuthi ukhona ngempela?